Usuku: 9 Novemba 2018

ISIMEMO SOKUPHAWULA NGAMADOKHUMENTI NESOKWETHAMELA IMIHLANGANO YOMPHAKATHI

ISICELO SOKUHLEHLISA AMAZINGA OKUDEDELWA KWEGESI EMOYENI (i-MES) KWEZITESHI ZAKWA-ESKOM EZIPHEHLA UGESI NGAMALAHLE E-MPUMALANGA HIGHVELD REGION NASE-VAAL TRIANGLE

Bathandekayo Abanentshisekelo Nabathintekayo,

U-Eskom usebenza ngoxhaxha lweziteshi eziphehla ugesi ngamalahle nangoketshezi kuyo yonke iNingizimu Afrika. Ingxenye enkulu yeziteshi eziphehla ugesi ngamalahle zakwa-Eskom zitholakala kakhulu e-Mpumalanga Highveld Region. Ingxenye encane yalolu xhaxha olwe-nuclear, i-hydro, i-Open Cycle Gas Turbine (OCGT) kanye nalezo ziteshi eziphehla ugesi ngomthombo womoya kwezinye izindawo kuleli lizwe.

Amazinga okudedelwa kwegesi emoyeni (i-MES) angonyaka ka-2013 ashicilelwa ngaphansi kohlelo Lokulawulwa Kwezemvelo Kazwelonke: UMthetho 39 We-Air Quality ka-2004 (NEM: AQA) (njengoba yashicilelwa yiGazethi 42013 yomhla ka-31 Okthoba 2018) idinga ukuthi iziteshi eziphehla ugesi zihambisane nemingcele yokudedelwa kwegesi emoyeni ‘ezimbonini ezivele zikhona’ eyabekwa ngomhla ka-1 Ephreli 2015 kanye nemingcele yokudedelwa kwegesi emoyeni ethe ukuqina kakhudlwana ‘yemboni entsha’ yomhla ka-1 Ephreli 2020. I-MES isebenza kuxhaxha lweziteshi eziphehla ugesi ngamalahle nangoketshezi zakwa-Eskom okudingeka ukuthi zihambisane nemingcele yamazinga okudedelwa kwegesi emoyeni ngokwesikhathi esilindelekile ngokomthetho.

Ngenxa yezinselele ezihlukahlukene iziteshi eziningi zakwa-Eskom eziphehla ugesi ziyehluleka ukuhambisana nemingcele ‘yezimboni ezintsha’ ka-2020 kanti kwezinye izimo ziyehluleka ukuhambisana namazinga ezimboni ezikhona njengamanje ngokwezikhathi ezibekiwe. U-Eskom ufakela imishini enciphisa amazinga okudedelwa kwegesi emoyeni ngokwezigaba ngenhloso yokunciphisa ukungcola okukhishelwa emkhathini eziteshini zakhe ezingcolisa umkhathi kakhulu. Kulezo zimo lapho iziteshi zehluleka ukuhlangabezana nemingcele eqinile, u-Eskom uzofaka isicelo sokuhlehlisa noma ukumiswa noma kuhlongozwe eminye imingcele ehambelanayo yamazinga okudedelwa kwegesi emoyeni ngokuvumelana nemibandela ye-MES.

Lezi ziteshi eziphehla ugesi ezilandelayo zizofaka isicelo sokuhlehlisa:

- Isiteshi i-Lethabo Power Station esiseVaal Triangle;
- Iziteshi Zikagesi i-Majuba-, i-Camden-, i-Kriel-, i-Matla-, i-Kendal-, i-Duvha-, i-Arnot-, i-Hendrina- kanye neKomati ezise-Mpumalanga Highveld Region;

Sicela nazi ukuthi isiteshi esiphehla ugesi i-Grootvlei (esiseBalfour), i-Acacia - (eseWestern Cape) kanye neSiteshi Sikagesi i-Port Rex (ese-Eastern Cape) sezikhishiwe kulesi sicelo sokuhlehlisa kanti izinqubo zezicelo zazo zizokwenziwa zodwa.

Ngokuvumelana nezimfuneko zokufaka isicelo sokuhlehlisa, u-Eskom uzothumela Isikhulu Sikazwelonke se-Air Quality uMbiko Womthelela Emoyeni (i-AIR), isisusa kanye nezizathu zesicelo

sokuhlelhisa zesiteshi sikagesi ngasinye kanye noMbiko Wokubamba Iqhaza Komphakathi (PP), lama madokhumenti ancike kakhulu kwinqubo yokubamba iqhaza komphakathi.

I-Naledzi Environmental Consultants Pty Ltd (NEC) iqembu elizimele labeluleki kwezemvelo, eliqokelwe ukulungisa amadokhumenti okufaka isicelo kanye nokuqhuba inqubo yokubamba iqhaza komphakathi.

Njengamanje siqhuba umjikelezo wesi-2 wokubandakanywa komphakathi mayelana nokufaka isicelo, njengoba amadokhumenti okufaka isicelo, ama-AIR mayelana nalezo ziteshi eziphehla ugesi ezithintekayo kanye noMbiko we-PP kuyatholakala ukuze umphakathi ukwazi ukukubuyekeza bese uphawula ngakho ukuze sithole imibono nokuphawula mayelana nokufakwa kwezicelo. Le ncwadi iyisaziso salokhu futhi sifuna nazi ngalokhu okulandelayo:

- Selukhona Uhlaka Lwemibiko Yezizathu Ezizwakalayo, ama-AIR alezo ziteshi eziphehla ugesi ezithintekayo kanye noMbiko we-PP ohlanganisiwe ukuze umphakathi uwubuyekeze ubuye uphawule
- Imihlangano ehlelelwe umphakathi ngesikhathi kuqhubeka isikhathi sokubuyekeza
- Indlela eya phambili

UHLAKA LOMBIKO WEZIZATHU EZIZWAKALAYO KANYE NE-AIR LUYATHOLAKALA UKUZE UMPHAKATHI UWUBUYEKEZE FUTHI UPHAWULE

Uhlaka Lwemibiko Yezizathu Ezizwakalayo, ama-AIR kanye noMbiko we-PP ohlanganisiwe uzotholakala ukuze umphakathi uwubuyekeze futhi uphawule kusukela **ngoMsombuluko mhla ziyi-19 kuNovemba kuze kube ngoLwesithathu mhla ziyi-16 Januwari 2019.** Le mibiko iqukethe izizathu ezizwakalayo zokufakwa kwezicelo zeziteshi eziphehla ugesi ezithintekayo kanye nomthelela emoyeni ozungezile ngenxa yalezi zicelo zokuhlehlisa.

Amadokhumenti wemibiko namakhasi okuphawula kuzotholakala kule webhusayithi elandelayo: **http://www.naledzi.co.za/public-documents-naledzi.php**. Amakhophi wamadokhumenti nawo azotholakala kulezi zindawo zomphakathi ezilandelayo ukuze umphakathi uwabuyekeze futhi uphawule ngawo:

Ithebula 1: Uhlu Lwemitapolwazi Yomphakathi lapho uhlaka lwamadokhumenti lungabuyekezwa khona

Imitapolwazi Yomphakathi	Ikheli	Umuntu ongaxhumana naye	Umphathi noma umsizi womtapolwazi
E-Vaal Triangle Region- Lethabo Power Station			
Kumtapolwazi waseSharpville	C/o Seeiso and Zwane Street, Sharpeville	016 451 2526	Joyce Ramagole
Kumtapolwazi Womphakathi waseSasolburg	John Vorster Road, Sasolburg	016 973 8463	Patience Khunou
Kumtapolwazi Womphakathi waseZamdela	Stand 3246, Zamdela Community Centre	Lutho Zamdela@sacr.fs.gov.za	Martha Mohapi
Kumtapolwazi waseRefengkgotso (i-Ntai Mokoena Library)	2195 Phomolong Road, Refengkgotso	016 371 2312/4	
Kumtapolwazi Womphakathi waseVereeniging	c/o Lesley and Mark Ave, Vereeniging	016 430 1724 079 885 9195	Phulani Lethoba
Kumtapolwazi	c/o Frikkie Meyer & Klasie Havenga Street,	016 950 5251/3	Roy Olifant

Womphakathi waseVanderbijlpark	Vanderbijlpark		
EMpumalanga Highveld			
I-Camden Power station			
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Ermelo	c/o Church and Smuts Street, Ermelo	017 801 3621	Chrisna Calitz
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Thusiville	Wesselton Extension 2 (Eduze ne-Reggie Masuku High school, ngasenkulisa)	072 382 2409	Thami Mrubata
IMajuba Power station			
Amersfoort	Bree & Plain Street, Amersfoort	017 753 1006 083 665 6189	Simangele Lukhele
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Volksrust	c/o Nelson Mandela and Adelaide Street, Volksrust	017 734 6109	Helen Ziers
I-Kriel Power Station kanye ne-Matla Power Station			
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Kriel	Quentin and Heinrich Street, Kriel	017 648 6249	Rika Horn / Jeannette Soko
I-Duvha Power Station kanye ne-Kendal Power Station			
Umtapolwazi Omkhulu wase-Emalahleni	c/o Hofmeyer Street & Elizabeth Avenue, Emalahleni	013 690 6232	Nelly Mashiame
Umtapolwazi Womphakathi waseMiddelburg (i-Gerald Sekoto Public Library)	Wanderers Avenue, Middleburg	013 249 7314	Patrick Molemane
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Ogies	Hoofweg, Ogies	013 643 1027	Priscilla Sekgobela
I-Hendrina Power Station, Arnot Power Station kanye neKomati Power Station			
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Hendrina	44 Kerk Street, Hendrina	013 249 7247	Busisiwe Sibanyoni
Umtampolwazi i-Pullen's Hope	Kiaat Street, Pullen's Hope	013 296 1300	Sbusiso Nkosi
Kumtapolwazi Womphakathi wase-Rietkuil	Marula Street, Rietkuil, Arnot	013 249 7803	

Ama-I&AP angaphawula ohlakeni lwamadokhumenti ngokugcwalisa ikhasi lokuphawula (elitholakala kule webhusayithi elapha ngenhla noma kulezi zindawo ezishiwo lapha ngenhla), ngokubhala incwadi, ngokuthumela i-imeyili noma ngokuxhumana nomeluleki wezemvelo ozimele kule minininingwane elapha ngezansi. Ama-I&AP kumele athumele ukuphawula kwawo kuhambisane namagama awo, imininingwane yokuxhumana kulowo muntu okuxhunywana naye njengoba kukhonjisiwe lapha ngezansi ungakedluli umhla ka-16 Januwari 2019. Ama-I&AP angaphawula esicelweni ngasinye (sesiteshi esiphehla ugesi) noma kwinqubo jikelele yokufakwa kwezicelo.

Uma ufisa ukuphawula ohlakeni lwamadokhumenti, ungenza lokhu okulandelayo:

- Gcwalisa Ikhasi Lokuphawula elifakiwe bese ulithumela ku-NEC
- Bhala incwadi noma uthumele neminye imininingwane eyengeziwe nge-imeyili, noma ngefeksi; noma
- Uxhumane ne-NEC kule minininingwane enikezwe lapha ngezansi.

Sicela uthumele ukuphawula kwakho kanye negama lakho nemininingwane yokuxhumana nawe ku-Nkz Marissa Botha kule minininingwane elandelayo; Ucingo: 015 296 3988 / 084 226 5584 noma uthumele ukuphawula kwakho nge-imeyili ku: botham@naledzi.co.za noma kule nombolo yefeksi: 015 296 4021. Sicela uqinisekise ukuthi uthumela ukuphawula kwakho **kungakadluli uLwesihlanu mhla ka-16 Januwari 2019.**

ISIMEMO SOKWETHAMELA IMIHLANGANO YOMPHAKATHI EHLELIWE:

Kuhlelwe imihlangano yomphakathi emininganа ukuze kube lula ukuphawula ohlakeni lwamadokhumenti. Abantu Abanentshisekelo Nabathintekayo (ama-I&AP) bazoba nethuba lokuhlangana nethimba lephrojekthi, ukuze bacaciselwe futhi baphawule ngokufakwa kwazo zonke izicelo noma noma isicelo ngasinye. Umenywa ukuba wethamele omunye wale **Mihlangano Yomphakathi** elandelayo ehlelelwe lephrojekthi:

USUKU	INDAWO	ISIKHATHI	Isiteshi Esiphehla Ugesi
20 Novemba (ngoLwesibili)	E-Kriel (Ehholo Lomphakathi e-Thubelihle)	09:00 – 11:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Kriel Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Matla
20 Novemba (ngoLwesibili)	E-Kriel (Ehholo Le-Volle Evangelie Church)	18:00 – 20:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Kriel Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Matla
21 Novemba (ngoLwesithathu)	E-Ogies (Dutch Reformed Church Hall)	11:00 – 13:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Kendal
21 Novemba (ngoLwesithathu)	Emalahleni Banquet Hall (ngaseHholo Lomphakathi)	18:00 – 20:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Kendal Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Duvha
22 Novemba (ngoLwesine)	E-Hendrina (Ehholo i-Kosmos)	10:00 – 12:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Hendrina
22 Novemba (ngoLwesine)	Kwazamokuhle (Esontweni lase-AME)	15:00 – 17:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Komati Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Arnot
23 Novemba (ngoLwehlanu)	E-Midrand (e-Eskom Academy of Learning, Syndicate Room)	11:00 – 13:00	Zonke
26 Novemba (ngoMsombuluko)	E-Vereeniging (Ehholo Lomphakathi)	18:00 – 20:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Lethabo
27 Novemba (ngoLwesibili)	E-Vereeniging (Ehholo Lomphakathi e-Sharpeville)	10:00 – 12:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Lethabo
27 Novemba (ngoLwesibili)	E-Zamdela (e-Harry Gwala Multipurpose Centre)	16:00 – 18:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Lethabo
28 Novemba (ngoLwesithathu)	E-Ermelo (Ehholo i-Ella Du Bruyn)	18:00 PM – 20:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Camden
29 Novemba (ngoLwesine)	E-Amersfoort (Ehholweni leSonto i-NG)	11:00 – 13:00	Isiteshi Esiphehla Ugesi i-Majuba

Indlela eya phambili

I-NEC izolungisa uMbiko we-PP kanye noMbiko we-IRR (Issues and Response Report) izorekhoda bese ihlanganisa konke ukuphawula kanye nezinkinga eziphakanyiswe kule mihlangano yomphakathi nezitholwe ngesikhathi kuqhubeka inqubo yokubamba iqhaza komphakathi. UMbiko osuphothuliwe we-PP kanye ne-IRR uzothunyelwa Isikhulu Sikazwelonke se-Air Quality kanye namadokhumenti okufaka izicelo ukuze siwagunyaze. Ama-I&AP azokwaziswa ngokuthunyelwa

kwamadokhumenti futhi azokwazi ukufinyelela kumadokhumenti okugcina azobe efakwe kuwebhusayithi ye-NEC. Ama-I&AP azokwaziswa futhi nangesinqumo esenziwe yiSikhulu Sikazwelonke se-Air Quality.

Ngibonga kakhulu ngokubamba kwakho iqhaza.

Ozithobayo,

Marissa Botha (Pri.Sci.Nat)
Isazi Kwezokuhlolwa Kwemvelo
Esivela kwa-**Naledzi Environmental Consultants Pty Ltd**
Ikheli lesitaladi: 160 Marshall Street, Polokwane, 0700
Ikheli leposi: Suite #320, Postnet Library Gardens, Private Bag X 9307, Polokwane, 0700
Ucingo: 015 296 3988 Ifeksi: 0152964021, Umakhalekhukhwini: 084 226 5584
I-imeyili: botham@naledzi.co.za